

# Soek jy 'n fantastiese tutor?

[www.teachme2.com/matriek](http://www.teachme2.com/matriek)



Confidential



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**LWEZI 2024**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-3**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-5.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

**QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESQESHINI A, NEMIBILI ESQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-100

ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) 80

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390. \_

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

- |     |  |      |
|-----|--|------|
| 1.1 | Ngathuka Ngase Ngilikhipha Lonke Ijubane                                 | [50] |
| 1.2 | Ububhoklolo Ezikoleni Zakuleli Budlangile                                | [50] |
| 1.3 | Yonke Into Inesikhathi Sayo  | [50] |
| 1.4 | Yehlukene Imibono Ngendaba Yokulala Isikhathi Esingamahora Ayi-8 Ngosuku | [50] |
| 1.5 | Ezemidlalo Zingasishintsha Isimilo Somuntu                               | [50] |

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6, 1.7 NOMA 1.8 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.


1.6



[Sicashunwe ku-[www.pikist.com](http://www.pikist.com)]

[50]

1.7



[Sithathwe ku-[www.pintrest.com](http://www.pintrest.com)]

[50]

1.8



[Sithathwe ku-[www.socialstatusDP.com](http://www.socialstatusDP.com)]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Uthumbu wakini unqume ukuyeka isikole ngoba ethenjiswe ukuba yingxenye yeqembu labaculi abadumile.

Bhala **incwadi** umeluleke ngalesi sinqumo afuna ukusithatha.

**[25]****2.2 I-IMEYILI**

Uthole i-imeyili ekwazisa ngomfundaze owutholile evela enkampanini yakwa-Lever Brothers.

Bhala **i-imeyili** uyibhekise kuMphathi woMnyango wezokuqeqesha ubonge ngenhlanhla ekwehlele.

**[25]****2.3 ISIBUYEKEZO**

Ube nethuba eliyinqayizivele lokubuka umdlalo kamabonakude omfushane.

Bhala **isibuyekezo** salo mdlalo.

**[25]****2.4 I-ATHIKHILI YEPHEPHABHUKU**

Ucelwe ukuba ubhale i-athikhili engosini yakho yephephabhuku, 'IThuthukani Sizwe' ngesihloko esithi, 'Umphumela Wokuhlala Kwezingane Emigwaqeni.'

Bhala **i-athikhili yephephabhuku**.

**[25]****2.5 I-INTHAVYU**

Izelamani zakwamakhelwane zinomkhuba wokuxabana njalo. Ucele uSonhlalakahle ukuba angenelele kulolu daba.

Bhala **i-inthavyu** ephakathi kwalezi zelamani noSonhlalakahle.

**[25]****2.6 UMLANDO KAMUFI**

Ubabekazi wakho udlule emhlabeni ngemuva kokugula isikhathi eside.

Bhala **umlando kamufi** ozofundwa ngosuku lomngcwabo.

**[25]**

**AMAMAKI ESQEPHU B: 50**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**